# Hillcrest High School

Umnyango wesiZulu

# IBANGA LESI-10

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NOVEMBA 2022**

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-6

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa umyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifushane edlulisa umyalezo | (20) |

2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A , OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**ISIQEPHU: INDABA**

**UMBUZO 1**

1. Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube ngaphambi kwendaba ekhasini lwalo lodwa.

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Ngangicabanga ukuthi abasangifuni | [50] |
| 1.2 | Mhla ngithola imiphumela yami yesikole. | [50] |
| 1.3 | Ukube ngafunda kusenesikhathi. | [50] |
| 1.4 | Ubuhle nobubi bokuhamba kukagesi. | [50] |
| 1.5 | Izikhukhula zihlukumeza abampofu kuphela | [50] |

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nikeza indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sithathwe ku-www.google/streetkids.co.za]

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

**UMBUZO 2**
Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHETHWENI (Formal Letter)**
Umfundisi wesonto langakini wenze umsebenzi omuhle ngezikhathi kuhlasele izikhukhula endaweni yangakini. Abantu kabawuvali umlomo ngalokho. Bhalela umfundisi incwadi esemthethweni umbonge ngakwenzele umphakathi. [30]

**2.2 UMLANDO NGOMUFI (Obituary)**
Umzala wakho ushonelwe ngumama wakhe engozini yemoto. Umalume wakho ukucele ukuba umelekelele abhale umlando kamama wakhe. Bhala UMLANDO NGOMUFI. [30]

**2.3 UMBIKO (Report)**
Abafundi bebanga leshumi nanye basebenzise ithuba lokugila imikhuba yabo ngesikhathi sekuhamba abafundi bakamatikuletsheni. Wena ubabonile belimaza isikole. Bhala UMBIKO ngokwenzekile. [30]

**2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO- (Dialogue)**
Umngani wakho ufuna neqe esikoleni niye kozijabulisa nabangani bakhe abafunda esikoleni esingomakhelwane. Le phathi yenzeka ngesikhathi sesikole. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nalo mngani. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

**3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.**

**3.1 ISIKHANGISI**

Abafundi be-RCL bahlela umcimbi wokuqoqa imali ukuze kwakhiwe izindlu zangasese zabafundi abaphila nokukhubazeka. Njengonobhala we-RCL ucelwe ukuba ubhale isikhangiso.
Bhala isikhangiso salo mcimbi. [20]

**3.2 ISIMEMO**

Umama wakho uhlele ukwenzela udadewenu umcimbi woukugubha iminyaka engamashumi amabili nanye. Umama ukucele ukuba ubhale ikhadi lesimemo lokumema izihlobo.
Bhala ikhadi lesimemo. [20]

**3.3 IMIYALELO**

Ubuvakashelwe umndeni kamalume wakho ngamaholide kaMfumfu. Umalumekazi wakho akawuvali umlomo ngokudla obaphekele kona, yingakho esekucele ukuba umbhalele iresiphi.
Bhala IRESIPHI yesitshulu senkukhu. [20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**